


# Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English / isiZulu

January 2021 Edition



**Matric  
results -  
how to  
cope**


**Page 4**



**Apply for  
an overseas  
scholarship**

**Page 9**

## Job creation is the icing on top of entrepreneurship



■ Pastry chef Gugu Mazibuko is making his mark in the cake industry while also creating jobs and boosting the South African economy.

### Dale Hes

**P**astry chef Gugu Mazibuko (25) is building a reputation as a cake decorating king in Pietermaritzburg, KwaZulu-Natal (KZN), where he runs his own confectionery business.

Mazibuko grew up in Ulundi in northern KZN. His mother was a good baker and this inspired the young Mazibuko to pursue a career in food.

"I knew that I wanted to be in food, but I didn't know which path I wanted to take. I went to several different colleges before I eventually discovered that working with pastries was what I wanted to do," says Mazibuko.

Mazibuko studied to be a pastry chef through the International Hotel School, and then discovered a love for cake decorating.

"I didn't know if cake decorat-

ing could actually be a full-time career for me but, funny enough, I gained inspiration from the TV show Cake Boss, where this guy had become very successful with his cake decorating. This gave me some motivation to start my own business."

Mazibuko started advertising his services on social media, and then word began to spread about his business.

Gugu the Baker, as he is known in Pietermaritzburg, now creates a variety of beautifully decorated cakes for special occasions, such as weddings, birthdays and anniversaries, and also makes other small pastries for clients.

"I love the creativity of decorating cakes. Every client comes in with a different style and decoration that they are looking for,

**Cont. page 2**



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

### CONTACT US



Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Website: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)  
[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

Email: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)  
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:  
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083

**FREE COPY NOT FOR SALE**



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE  
SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA  
U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA  
FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO  
SIHAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



# INingizimu Afrika inqoba Isandulela Ngculazi (i-HIV) kanye neNgculazi (i-AIDS)

**N**jengoba siqhube-ka nezinyathelo zethu zokulawula ubhubhane Iwegciwane le-corona olukahlamezayo, singeze neze sazishaya indiva ezinye izingqinamba zempilo yomphakathi ezi-bhekene nezwe lethu.

Sekungaphezu kweminyaka engamashumi amathathu, izwe lethu lazibandakanya emzuku-zukwini oqhubekayo wokulwa ne-HIV kanye ne-AIDS, osekudlule nemiphefumulo yabantu abaningu futhi kwadala ubunzima ezimpilweni zabantu kanye nokuhlupheka.

Selokhu kwabheduka i-COVID-19 ezweni, okwaba nokuvalwa kwezwe jikelele kanye nengcindezi kwizinsiza zethu zezempiro, ziningi izinsiza ze-HIV, ze-AIDS kanye nesifo sofuba ezikhinyabezekile. Lokhu kuphose inselele kubantu abahlolayo kanye nabaqala imishanguzo yokudambisa igciwane. Baniangi abantu abakuthola kunzima kakhulu ukuyolanda imithi yabo futhi bancane abantu abakwazi ukufinyelela kwezirye izinsiza nje, ezifana nokusokwa kwabesilisa ngokuzithandela.

Ngesikhathi esifanayo, ziningi izifundo esizifunde ngezempiro yomphakathi wethu ekubekaneni nobhubhane Iwegciwane le-corona nokungasiqinisa amandla empini yokubhekana ne-HIV kanye neSifo sofuba.

INingizimu Afrika isalokhu iqhubeka nokuhamba phambili ngokuba nesibalo esiphezu-lu sabantu abaphila ne-HIV emhlabenijikele. Noma kunjalo, kuyakhuthaza, ukuthi eminyakeni eyishumi eyedlule sikwa-



zile ukuba nenqubekelaphambili yokwehlsa izinga lokwesule-leka okusha ngegciwane le-HIV emphakathini onenanibantu elilinganiselwa kuma-60%.

Kuyakhuthaza futhi ukuthi ukwesuleka nge-HIV kwamantombazane asethombile kanye nabesifazane abasebancane kwe-hle ngamalengiso eminyakeni eyishumi eyedlule. Leli yi-qembu elibalulekile ngoba liyaye libe sengcupheni enkulu yokuthi lisuleleke nge-HIV.

Uhlelo lwethu lokwelapha selufake isandla ekwehliseni inani labantu ababulawa yi-AIDS ngamaphesenti angama-60. Sekube nokwehla ngamalengiso ukushona kwabantu abasha okuhlobene ne-HIV.

Kube lula ukwehlsa inani labashonayo ngoba, sisebenzisana nalabo ababambe iqhaza, siqalise ngohlelo lwemishanguzo efinyelela kubantu abayizigidi abaphila nalesi sifo.

Ekuqaleni kweminyaka eyishumi, uhlelo lwethu lokuvikela ukwesuleka ngeSandulela ngculazi okuqhamuka kumama kuya enganeni (i-PMTCT) kube kuncane kakhulu. Njengamanje sesinezinga eliphezulu kakhulu le-PMTCT ngaseNingizimu

ne-Afrika, osekuphinde kwehli-sa kakhulu izinga lokwesuleleka ezinganeni.

Nakuba sikwehlisile ukushona kanye nokwesuleleka okusha, sisekude kakhulu ekufezeni umgommo wethu esawubeka ngonyaka wezi-2016 wokufi-nyelela ngempumelelo ekunci-phiseni ukwesuleleka nge-HIV ngamaphesenti angama-75 ngo-nyaka wezi-2020. Uma singaphumelela ekwenzeni lokho, hlez singakwazi ukuqedo i-AIDS njengenye yezinsongo zesihlava esibi kwezempiro yomphakathi ngonyaka wezi-2030.

Ngeshwa, asikafiki lapho okwamanje. Kusamele sikhu-phule amasokisi ukuze siqinise-kise ukuthi abantu abasha baykhuthazwa ukuthi banqande ukwesuleleka, kubandakanya ukushintsha indlela yokuziphatha, ukufinyelela kumakhondomu kanye nokuhlala ngokuhlolela leli gciwane. Kufanele siqinisekise ukuthi nomangubani osehaqwe yileli gciwane uyakwazi ukufinyelela ekwelashweni kanye nasekunakeke-Iweni.

Kufanele ukuthi sisebenze ngokuzikhanda ekunqandeni i-HIV phakathi kwabantu

abahamba phambili ekwesule-lekeni, okubandakanya aba-dayisa ngomzimba, abesilisa abazibandakanya ocansini nabanye besilisa, kanye nabantu abazijova ngezidakamizwa. Kumele siqede ukucwaswa kanye nobandlululo olubhe-kiswe kulaba bantu. Singeze neze sazinika ithemba lokuthi singaqeda i-HIV uma sisaziba izidingo, ukukhathazeka kanye namalungelo engxenye yenabantu lakithi.

INingizimu Afrika kufanele ukuthi ikhuphule amasokisi ezinyathelweni zayo zokuthi kusokwe abesilisa abasha ukuze kuncishiswe ubungozi bokuthi bathole i-HIV. Ukusokwa okungaphophile akumele neze kugcine kunika abesilisa abasha izinkinga zempilo zangu-naphakade, futhi akukho namunye okufanele ukuthi abulawe ukusokwa. Kumele siqinisekise ukuthi abesilisa abasebasha basokwa ngendlela ephephile.

Sigqugquzelwa yimiphumelela ekuqedeni i-AIDS ngokunika abantu abasha amandla, abesifazane kanye nabanye abantu abasengcupheni. Lokhu kubandakanya ukunikwa amandla ngokukwazi ukufinyelela kulwazi, iseluleko kanye nokusekela. Lokhu kubandakanya ukukwazi ukufinyelela kwi-mfundu kanye namathuba omnotho, ikakhulukazi abesifazane abasebasha. Lokhu kunikwa amandla kuphinde kuchaze ukuthi wonke umuntu kumele akwazi ukufinyelela ekuhlolweni, ukwelashwa kanye nezinye izinsiza zezempiro.

ukwedlula amaphilisi asetshe-nzisela ukunkanda i-HIV. Le miphumela inamandla kakhulu ekuqiniseni amandla ethu okubhekana nalo mqedazwe.

Uma sifuna ukuqedo ngempumelelo i-AIDS njengensongo yesihlava sezempilo yomphakathi eminyakeni eyishumi ezayo, kufanele ukuthi sihlanganise le ntuthuko yokwelapha ngo-kwenza izinguquko ezibalule-kile ekuziphatheni. Kufanele futhi ukuthi sibhekane nomnotho kanye nezimo zenhlalo noku-yazona ezinesandla emazingeni aphezulu okwesuleleka.

Omunye wemisebenzi yethu obaluleke kakhulu ukunika amandla amantombazane asethombile kanye nabesifazane abasha, ngemfundo, ngomnotho kanye nangenhlalo. Kufanele ukuthi bakwazi ukuthatha izinqumo ngazo zonke izindlela ngempilo yabo, kubandakanya ububili babo kanye nendlela yokuziphatha ehambiselana nezocansi.

Ekugcineni, sizophumelela ekuqedeni i-AIDS ngokunika abantu abasha amandla, abesifazane kanye nabanye abantu abasengcupheni. Lokhu kubandakanya ukunikwa amandla ngokukwazi ukufinyelela kulwazi, iseluleko kanye nokusekela. Lokhu kubandakanya ukukwazi ukufinyelela kwi-mfundu kanye namathuba omnotho, ikakhulukazi abesifazane abasebasha. Lokhu kunikwa amandla kuphinde kuchaze ukuthi wonke umuntu kumele akwazi ukufinyelela ekuhlolweni, ukwelashwa kanye nezinye izinsiza zezempiro.

Abantu baseNingizimu Afrika basuka kude, babekezele kakhulu futhi benze inqubekelaphambili ebonakalayo ekulweni ne-HIV, i-AIDS kanye neSifo sofuba. Masiphinde siqinise amandla okusombulula kanye nezenzo zethu zokubhekana futhi singqobe i-AIDS unomphela.

# Ithuba lesibili lokuthi uzitholele umatikuletsheni wakho

Cathy Grosvenor

**A**sikapheli isi-khathi sokuthi ungazitholela umatikuletsheni wakho noma uthole imiphumela oyifunayo, lona ngumlayezo wakamuva nje woHlelo loMnyango Wemfundo Eyisisekelo (i-DBE) Lwethuba Lesibili Lokwesekela Umatikuletsheni.

Umqondisi wohlelo, uDkt u-Sandy Malapile, uthi isitifiketi sikamatikuletsheni sibaleuleke ngendlela eyisimanga ngoba ngaphandle kwaso, iminyango yamathuba eminingi ihlala ivalekile.

"Inhlangano Yomkhakha Wokuqequesha kanye Neziphathimandla Zemfundo (i-SETAs), izinikele emsebenzini wokukhuphula izinga lamakhono esizwe ngezinhllelo zamakhono kanye nokuqequeshelwa ukufundela umsebenzi, kanti konke lokho kudinga ukuthi abafundi babe nomatikuletsheni," kusho uDkt Malapile.

Lwethulwa ngokusemthethweni ngoMasingana kowenzi-2016, lolu hlelo Lwethuba Lesibili Iwesekela wonke umuntu – wanoma yimuphi unyaka wobudala – ofuna ukuthola noma enze ngcono imiphumela yesitifiketi sikamatikuletsheni, isifundo ngesifundo kanti futhi lokhu kwenzeka ngokufunda ngezikhathi ezithile. Konke lokhu kumahhala.

## Ngubani ofaneleke yilolu hlelo?

- Ngabantu abafuna ukwenza ngcono imiphumela yabo kamati kuletsheni, okungaba yilabo abasanda kubhala noma labo ababhala eminyakeni eyishumi eyedlule. UDkt Malapile uyachaza ukuthi umuntu ofuna ukuthola isiqu sobunjiniyela, njengesibonele nje, kumele ukuthi anyuse amamaki akhe ezibalo ukuze afaneleke ukwenza lolo hlelo lomkhakha wezifundo.
- Abantu abangazange baphumelela umatikuletsheni



wabo futhi abafuna ithuba lesibili ukuze baphase.

- Abantu abashiya phansi isikole emva kokuphasa iBanga leshiyagalolunye (owawubizwa ngo-Standard 7 phambilini), abanemyaka engama-21 noma ngaphezulu, futhi abafisa ukuthola umatikuletsheni wabo.

## Uqala kanjani kulolu hlelo

Bhalisa kwelilodwa lama-hovisi ezemfundo ezifundeni ezingama-75 ezweni jikelele noma ubhalise nge-inthanethi kule webhusayithi ethi: [www.eservices.gov.za](http://www.eservices.gov.za).

Ukubhalisa kwavulwa mhla lu-1 kuMfumfu kanti futhi kuzovalwa ngoNhlolanja kowezi-2021. Abafundi abazifundela ngokwabonoma kwe-sisodwa sezikhungo Zethuba Lesibili ezingama-133 lapho ukufunda kwenzeka khona emakilasini nsuku zonke ngezikhathi zamantambama kanye nangezimpelasonto.

UDkt Malapile uthi kulezi zikhungo kuzoqashwa othisha abahamba phambili ngokwenza kahle umsebenzi wabo kuleso naleso sifunda. Lezi zikhungo azitholakali kuwo wonke amadolobha kanye namakhaya, kodwa zitholakala ezindaweni lapho

kunesibalo esiningi kakhulu sabantu ababhalisile kanti lokho kuchaza ukuthi ukubekwa kwasikhungo endaweni kungashintshashintsha unyaka nonyaka.

Womabili amaqembu abafundi laba abazofundela emakilasini nsuku zonke kanye nalabo abazofundela emakhaya banethuba lokuthi bafinylele kunoma yiluphi uhlobo lwezinsiza ezikhona zokwesekela ukufunda, kusuka ezifundweni ezethu-lwa ngezinhllelo zokusakaza emsakazweni kanye nakumabonakude ngezikhathi ezithile; izinsizakufunda ezifakwayo nezitholakala nge-inthanethi; futhi, labo abangawazi ukufinylela kumakhopyutha, amaprinta kanye ne-inthanethi - izinsizakufunda eziprintiwe zithunyelwa yi-DBE kubona.

Abantu abanawo amakhopyutha kodwa abanganayo i-inthanethi noma amadatha, bengacela i-CD enazo zonke izinsizakufunda, nezothunyelwa kubona ngeposi.

"Bанинги abafundi asebedala abangeke besakwazi ukunikela isikhathi sabo sonke ezifundweni zabo. Ngenhlanla enkulu, bangazikhethela ukuthi bafuna ukwenza izifundo ezingaki ngonyaka ngoba abaphoqelekile ukuthi baqede umatikuletsheni wabo

ngesikhathi esinqunyiwe." Uma sebebhaisile, i-DBE izosiza abafundi asebedala ukuthi bakhethi izifundo abafuna ukuzenza futhi ibachazele ukuthi yiziphi okuyimpoqo ukuthi bazenze.

Mayelana nokufaneleka yilolu hlelo, abantu abayeke isikole emva konyaka wezi-2008 bathola Isitifiketi Sikamatikuletsheni Sikazwelonke kanti futhi labo abayeke isikole ngaphambi kwalokho, bathola Isitifiketi Sikamatikuletsheni Esichitshiyelwe. Noma kujalo, uDkt Malapile uthi zombili lezi zitifiketi zinomthamo wesindo olinganayo futhi, kuya ngohlobo lwezifundo olukhethile kanye namamaki owatholile, zingasetshenziswa ukufaka izicelo zokufunda emanyuvesi kanye nasemakolishi.

## Ukunikwa amathuba esibili

I-DBE isingatha imikhankaso yasemgwaqeni kuzwelonke ukuze ikhuthaze abantu ukuthi babhalisele uhlelo Lwethuba Lesibili. Izikhungo Zemfundo Ephakeme kanye nama-SETA ziyanenywa ukuthi zihlinzeke ngolwazi olwanele kubantu abanentshisekelo lapho kungenzeka khona.

Kweminingi yale mikhankaso yasemgwaqeni kuzwelonke,

uNgqongqoshe u-Angie Motsekga wacelwa yintsha ukuthi ethule izinhlelo ezizo-siza abantu abasha ukuthi bakwazi ukuqasheka, kusho uDkt Malapile.

Impendulo kulokho, i-DBE izobeka ngokusemthethweni uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono kulo nyaka noluzoheha abantu ababalelwia kwizigidi eziyi-3.4 zabantu abasha abangasebenzi, abangafundi noma abangekho ngaphansi kokuqequesha. Izifundo zizoqala kumakhono empilo – okuzoquatha izihloko ezifana nokuthi ibhalwa kanjani Imininguwane yakho yesicelo somsebenzi (i-CV) kanye nokuthi yini okulindeleke ukuthi uyenze kwinhlolwazi yomsebenzi; izifundo zamakhono eziyisisekelo, njengokulungisa icicathulo, Isifundo sokuqequeshelwa ikhompyutha (i-ICT) kanye nekhono lokufunda kanye nokubhala.

## Bewazi ukuthi?

- Akukhathaleki ukuthi isikole usiyeke ngeminyaka yama-60 noma kamuva nje, kumele ufunde ngohlelo lwezifundo lwamanje.
- Uhlelo lwezemfundo lwaseNingizimu Afrika luhlinzekelwa abantu abayeke isikole ngaphambi kokufika eBangeni Lesishiyagalolunye, ngohlelo lwemfundo eyisisekelo yabantu abadala kanye nokuqequesha koMnya-ngo Wemfundo Ephakeme kanye Nokuqequesha.

**Ngolwazi oluthe xaxa, vakashela iwebhusayithi ethi:**

[www.education.gov.za/Curriculum/SeniorCertificate/SCRegistration.aspx](http://www.education.gov.za/Curriculum/SeniorCertificate/SCRegistration.aspx)